

# Ukuphatha Izimali Ngokuhlakanipha futhi Uhlale Ngaphandle Kwezikoledi



*Ngomthandazo  
fundisa lemibhalo  
kanye nokucashuniwe  
noma, uma*

*kudingeka, umthetho omunye  
ozobusisa odade labo  
obavakashelayo. Beka ubufakazi  
bakho ngemfundiso yobuKrestu.  
Mema labo obavakashelayo ukuzo  
kwabelana ngalokho abakuzwile  
nabakufundile.*

## Ukuphatha Kwezemali

“Ukuphila ngokubona’ . . . kusho [ukonga] kwezimali zethu, ukuhlakanipha kokuplana kwezinto zemali, okudingekile empilweni yakho, futhi nokuzilungiselela okwanele kwemfundo futhi ukukhula kwase-msebenzini, ukunikeza ukunakwa okufanele kokukhiqiza kwasekhaya futhi nokugcina kanye futhi nokukhulisa komoya othambile. . . . Uma siphila ngokuhlakanipha futhi ngokubona, sizakuhuseleka njengaphakathi kwesandla Sakhe.”<sup>1</sup>  
**uMongameli uSpencer W. Kimball (1895–1985).**

“Amaphi amakhono esiwadingayo ukuze asisize thina sizimele? . . . Ezinsukwini zokuqala kweBandla, uBrigham Young wacela abodade ukuba bafunde ukuvikela ukugula emindenini,

baqale amakhaya angamafemu, futhi bafunde ukubala futhi nokugcina izincwadi zezimali kanye nezinye zamakhono wezandla. Leyo mithetho isasebenza nanamuhla. Imfundo iqhubeka ngokubaluleka okukhulu. . . .

“Ngabuza abambalwa obhishobhu ukuba imaphi amakhono wokuzimela odade kumawadi wabo abawadingayo kakhulu, futhi bathi, iplani lokusebenzisa imali. Abesifazane badinga ukuzwisisa ngomcabango wokuthenga ngesikweledi futhi hhayi ukuphila ngale kweplani lokusebenzisa imali. Ikhono lesibili ubhishobhu alisho kwakungukupheka. Izidlo eziphekwa futhi zidliwe ekhaya zivamise ukubiza ngaphansi, zinempilo, futhi zigcwalisa ubudlelwane buqine emindenini.”<sup>2</sup>

**uJulie B. Beck, uMongameli Jikelele Wabesifazane Abakhululekileyo.**

## Ukubalekela Isikweledi

“Ngicela ukubeka umbono ngezigaba ezinhlanu zokuqala zokukhululeka ngokwezemali. . . .

*“Okukuqala, bhadala okweshumi. . . .*

*“Okwesibili, sebenzisa okungaphansi kwalokho okuholayo. . . .*

*“Okwesithathu, funda ukonga. . . .*

## USIZO KUBOTHISHA BOKUVAKASHA

Luleka nomlingani wakho ngokuthi ungathathwa kanjani lomlayezo ngendlela ebalulekile kuzo zonke izimo zabodade. Yimaphi amakhono wokuzimela ongabelana ngawo naye?

Ukuzilungiselela  
Ngokwakho

uMalakhi 3:10

uMatewu 6:19–21

uLuka 12:15

D&C 38:30; 88:119

Ukwazi kamanzi, bona *Konke Kukhuseleke Ndawonke e: Izimali Zomndeneni* (item no. 04007).

*“Okwesine, hlonipha izithembiso zakho zemali. . . .*

*“Okwesine, fundisa izingane zakho ukulandela isibonelo sakho.”<sup>3</sup>*

**iGosa uJoseph B. Wirthlin (1917–2008)  
weKhoramu LabaPostoli Beshumi Nambili.**

“Uma singena ezikweledini, silahla okunye okuyisipesheli, amandla angathengeki futhi sizibeka ekuzibophezeleni ukusebenzela omunye ngenkani. Sizibophezela isikhathi sethu, amandla, futhi nezindlela zokubuyisela lokho esikubolekile—imali ekade ngabe isetshenzisiwe ekusizeni thina, imindeneni yethu, futhi nabanye. . . .

“Ukubhadala izikweledi zethu manje futhi ukubalekela izikweledi zakusasa kudinga thina sizebenzise ukholo kuMsindisi—

hhayi kuphela uku *yenza* oku-  
ngcono kepha uku *ba* ngcono.  
Kuthatha ukholo olukhulu uku-  
phimisela lawo mazwi alula,  
'Asinamali yokuyithenga.' Kutha-  
tha ukholo ukuthemba ukuthi  
impilo izakuba ngcono njengoba  
sizincisha esikufunayo ukuze

zihlangabezane nezidingo zethu  
kanye nezabanye.”<sup>4</sup>

***iGosa uRobert D. Hales weKhoramu  
labaPostoli Beshumi Nambili.***

**AMANOTHI**


1. “Umsebenzi Wenhlala Kahle: Ivangeli emsebenzini,” *Ensign*, Nov. 1977, 78.
2. “Umsebenzi Wenhlala Kahle wobuMongameli Wabesifazene Abakhululekileyo,” *Imithetho Yokuqala yeNhlalo Kahle*

*futhi Nokuzimela* (2009), 5.

3. “Izikweledi Zasemhlabeni, Izikweledi Zasezulwini,” *Liahona*, uMeyi2004, 41, 42.
4. “Umbono weVangeli Lenhlala Kahle,” *Imithetho Yokuqala yeNhlala Kahle futhi Nokuzimela* (2009), 1.

© 2010 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc.  
Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA.  
IsiNgisi esivunyelwe: 6/09. Ukumumusha  
okuvunyelwe: 6/09. Ukhumusha ko *Visiting  
Teaching Message, February 2010*. Zulu.  
09362 783

**NguMongameli  
uThomas S. Monson**



# Ukuzilungiselela ngokoMoya

## Ukwelulekwa nguProfethi Wethu

### Isiqalo soKholo

“Uma singenaso isiqalo esisho okukhulu ngokholo futhi nobufakazi okuqinile beqiniso, singaba nobunzima ukumelana nesivunguvungu esibi futhi nemimoya ebandayo yobunzima eza kithina noma kanjani.

“Impilo yangenyama iyisikhathi sokulolongwa, isikhathi sokuzibonakalisa ngokufanele ukubuyela lapho ekhona uBaba wethu wase Zulwini. Ukuze thina silolongwe, kumele sibhekane nezivivinyo kanye nobunzima. Lezi zingasiphula, futhi kwimiphefumulo yethu engaphandle ingaqhekezeka futhi iwele phansi—lokho ukuthi, uma isiqalo sethu sokholo, ubufakazi bethu kwangeqiniso abufakiwe ngokupheleleyo kithina.”<sup>1</sup>

### Funda Isifundo Esadlula

“Ekuthungatheni, imibuzo embalwa izakusihola emicabangweni yethu: Ngiyilento Engifuna ukuba yiyona? Ngingondele kuMsindisi namuhla ukwedlula izolo na? Ngingasondela nangomuso na? Nginaso isibindi sokuququka kangcono? . . .

“Iminyaka ifikile futhi iminyaka ihambile, kepha isidingo sobufakazi bevangeli siyaqhubeka ngokubalulekileyo. Njengoba sisuka siya ekusaseni, kumele singalahli imfundiso eseyidlule.”<sup>2</sup>

### iLiahona Engeyakho

“Isibusiso sobudala sokuhlonipha esakho futhi wena uwedwa. Singabasifishane noma sibese, kalula noma sibenesisindo. Isikhathi kanye nolwimi azenzi isibusiso sobudala sokuhlonipha. Kungu Moya okhuluma isisho seqiniso. Isibusiso sakho akumele sigoqwe ngobunono futhi sibekwe kude. Akumele sivalelwe noma sibhalwe. Kodwa, kumele sifundwe. Kumele sithandwe. Kumele silandelwe. Isibusiso sobudala sokuhlonipha sizakubona phakathi kobusuku obumnyama. Sizakuhola phakathi kwempilo enobungozi. . . . Isibusiso sobudala kuwena siyiLiahona yakho ukubonisa indlela yakho futhi ihole indlela yakho.

“Ukubekwe kungadingeka njengoba sibheka, silinda, futhi sisebenzela isibusiso esithenjisiwe esizofezeka.”<sup>3</sup>

### Izani Kuyena

“Khumbula ukuthi wena awuhambi uwedwa. . . . Njengoba uhamba phakathi kwempilo, hamba njalo ngasekukhanyeni, futhi imithunzi yempilo izakuwela emva kwakho.

“Njengoba Mina [ngi] bheka ezincwadini zenkolo ukuthola ukugququzeleka, igama elihlukile[liye] lahlala

isikhathi eside futhi esinye isikhathi. Igama [lithi] ‘wozani.’ iNkosi yathi, ‘Wozani kimi.’ Yena wathi, ‘Wozani nifunde ngami.’ Yena futhi wathi, ‘Wozani, ningilandele.’ Ngithanda lelo gama, *wozani*. Isicelo sami ukuthi siza-kuza eNkosini.”<sup>4</sup>

#### AMANOTHI

1. “Siqine Kangakanani Isiqalo,” *Liahona*, Nov. 2006, 62.
2. “Ukuba Ngabaphakeme Bethu,” *iLiahona*, Apr. 2006, 3, 5.
3. “Isibusiso sobudala sokuhlonipha sakho: iLiahona Yokukhanya,” *Ensign*, Nov. 1986, 66.
4. izindawo zokuhlanganyela zesiteki ezingu 16, Brigham Young University, Nov. 16, 1986.

#### UKUFUNDISA NGALOMLAYEZO

**U**kufundisa, *Ubizo Olungasilukhulu* isimo: “Umfundisi onolwazi akacabangi, . . . ‘Ngizakufundisani namuhla?’ kepha, ‘Ngingasiza kanjani Abafundi bami ukuthola lokhu abadinga ukukwazi’” (1999, 61). Ukusiza omunye nomunye ukufunda kulombhalo, cabanga ngokubanikeza iphepha kanye nomsizi futhi ubanikeze isikhathi ukuba bafunde amagama kaMongameli uMonson futhi babhale phansi amaqiniso abawatholayo ekuzilungiseleni ngokomoya. Izingane ezisenca- ne zingadweba izithombe ngalokhu abakufundayo. Cabanga ngokubenza babelane ngalokhu abakubhalile noma abakudwebile.

#### ULUSHA

### Isibusiso Sakho Sobudala Sokuhlonipha

**U**Mongameli uMonson uchaza isibusiso sobudala njenge “Liahona yakho ebonisa indlela futhi ehola indlela yakho.” Manje lesibusiso siyini, futhi singasiza kanjani ukuhola impilo yakho?

#### Siyini isibusiso sobudala sokuhlonipha?

Isibusiso sakho sinezinjongo ezimbili ezibalulekileyo. Okokuqala, sizakumemezela imvelaphi yakho, noma umndeneni muphi endlini yakalsrayeli wena ovela kuwona. Okwesibili, sizakuba nolwazi ukusiza ekuholeni wena. Isibusiso sakho singahle siphathe izethembiso, imiyalo, kanye nokukhuzwa.

### Ngingaba neminyaka emingakhi ukuze Mina ngithole izibusiso zami?

Awukho umnyaka obekiwe, kepha kumele ubemdala ngokwanele ukuze uzwisise ubungcwele bendalo yebibusiso. Abaningi abangamalungu baqala bacabange ngokuthola izibusiso zabo eminyakeni yabo yobusha.

#### Ngingasithola kanjani isibusiso?

Okokuqala khuluma nobhishobhu wakho noma umongameli wegatsha. Uma usulungele futhi ufanalekile, uzakuthola iseluleko. Emva kwalokho, ungabeka ilanga lokuhlangana noBaba ophethe isibusiso sobudala sokuhlonipha endaweni ohlala kuyona.

#### Ngingenzenjani ngesibusiso sami?

Sibeke endawoneni ekhusekileyo, futhi usifunde njalo. Khumbula, isibusiso sakho singcwele futhi ngesakho. Ungabelana ngaso namalungu omndeneni aseduzane nawe, kepha ungabelani ngaso kumphakathi wonke. Futhi, zonke izibusiso ezikhulunywe kusibusiso sobudala sokuhlonipha zihambelana nokukholwa kwakho futhi nesikhathi seNkosi.

#### IZINGANE

### Isiqalo Esiqinileyo

**U**Mongameli uThomas S. Monson wathi sidinga ukwakha “ubufakazi obuqinileyo beqiniso.” Indlela eyodwa yezindlela ehamba phambali ukwenza njalo ukufunda izincwadi zenkolo. Bheka amavesi angezansi. Bhala phansi okodwa okufundile kwelinye nelinye lamavesi ukusiza ubufakazi bakho bukhule ngamandla.

uMimoni 7:5

Imibhalo Yokholo 1:10

uMoroni 10:5

D&C 11:12

uMoroni 7:41

D&C 1:37

Ephesians 6:11

© 2010 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. IsiNgisi esivunyelwe: 6/09. Ukuhumsha okuvunyelwe: 6/09. Ukuhumsha ko *First Presidency Message, February 2010*. Zulu. 09362 783